



NguMongameli Dieter F. Uchtdorf
UMeluleki WesiBili KubuMongameli BokuQala

Uthando Olupheleleyo Luxosha Ukwesaba

Masibekeni eceleni ukwesaba kwethu esikhundleni salokho siphile ngenjabulo, ngesizotha, ngethemba, kanye nangokwethemba ukuthi iNkosi ikanye nathi.

Bafowethu nodadewethu abathandekayo, bangani abathandekayo, kwaze kwayinjabulo ukuba sihlalane njengeBandla eligcwele umhlaba wonke sihlalane okholweni nasothandweni lukaNkulunkulu nabantwana Bakhe.

Kakhulukazi ngibonga ukuba khona kwamphrofethi wethu esimuthandayo, uThomas S. Monson. Mongameli, siyohlezi njalo samukela amazwi akho okuyala, okuxwayisa, kanye nawokuhlakanipha. Siyakuthanda, Mongameli Monson, futhi sikuthandazela njalo.

Eminyakeni edlule, ngenkathi ngisebenza njengomongameli wesikhonkwane eFrankfurt, eJalimani, omunye udadewethu othandekayo owayengajabule weza kimi ekupheleni kweminye yemihlangano yesikhonkwane wathi.

“Akukho kubi?” “Kufanele ukuthi bebebane noma bebahlanu abantu abebelele ngesikhathi ukhuluma!”

Ngacabanga isikhashana ngase ngimphendula ngithi, “Nginesiqiniseko sokuthi ukulala esontweni kuyimpilo kakhulu.”

Umkami omuhle, uHarriet, wayizwa lengxongxo wangitshela kamuva ukuthi ngaphendula kahle kakhulu kunezinye izimpendulo zami zaphambilini.

UkuVuka Okukhulu

Eminyakeni engamakhulu edlule eNorth America, inhlango okuthiwa “UkuVuka Okukhulu” yanda emaphandleni. Enye yezinjongo zayo enkulu kwakungukuvusa abantu ababukeka belele ngokuphathelele nezindaba zikamoya.

Esemusha uJoseph Smith wafundiswa yizinto ayezizwa ngabefundisi ababeyinhlango yalokhu kuvuswa ngokwenkolo. Lokhu kungesinye sezizathu esenza akhethe ukufuna kakhulu intando yeNkosi ngomkhuleko ngasese.

Laba befundisi babeshumayela ngendlela enehaba, futhi eyayivusa imizwa, benzintshumayelo ezazidume ngokukhuluma ngemililo yesihogo eyesabisayo elindele umoni.¹ Izinkulumbo zabo zazingabalalisi

abantu—kodwa futhi kungenzeka ukuthi zadala ukuthi abanye baphuphe kabi. Inhloso nenjwayelo yabo kwawungukusabisa abantu ukuba bangene ebandleni.

UkweSaba njengamaQhinga amaBi

Ngokomlando, ukwesaba kuse-tshenziswe izikhathi eziningi ukuba kusize abantu benze okuthile. Abazali bakusebenzisile ezinganeni zabo, abaqashi kubasebenzi babo, nabezopolitiki kubavoti babo.

Ompetha kwezokukhangisa bawazi kahle amandla okwesaba futhi bajwayele ukuwasebenzisa. Yinko ezinye izikhangisi zizwakala zisitshela ukuthi uma singakuthengi okuthile okukhangiswayo sisengozini yokuphila impilo yokuhlupheka, sife sisodwa futhi singajabulile.

Siyakuhleka nje lokhu futhi sizitshela ukuthi asisoze salutheka ngalendlela, kodwa ngesinye isikhathi kuyenzeka. Okubi kakhulu, wukuthi nathi sibuye sisebenzise izindlela ezifanayo ukuze sithole lokho esikufunayo kwabanye.

Umyalezo wami unezinhlalo ezimbili namuhla: Eyokuqala wukuthi ke sicabangisise ukuthi *thina* siku-sebenzisa kangakanani ukwesaba ukukhuthaza abanye—kanye nathi. Eyesibili wukwenza isiphakamiso sendlela engcono.

Inkinga Ngokwesaba

Okokuqala, ake sikhulume ngenkinga yokwesaba. Vele, ubani phakathi kwethu ongakaze ngenxa yokwesatshiswa adle kangcono, agqoke ibhande lokuvikela lemoto, azivocavoce, onge imali, noma aphenduke ezonweni?

Kuyiqiniso ukuthi ukwesaba kungaba nomthelela omkhulu kulo- kho esikwenzayo nendlela esizi- phatha ngayo. Kepha lowo mthelela uthanda ukuba ngowesikhashana. Ukwesaba akuvamile ukuba nama- ndla okusishintsha izinhliziyi, futhi akusoze kusishintshe ukuba sibe nga- bantu abathanda okulungileyo futhi abafuna ukulalela uBaba oseZulwini.

Abantu abanokwesaba *banga- zikhuluma* futhi bangazenza izinto ezilungileyo, kodwa *abazizwa* izinto ezilungileyo. Bajwayele ukuzizwa bengenakusizakala futhi begcwele inzondo, nokucasuka. Ngokuhamba kwesikhathi lemizwa ibaholela eku- theni bangabi nakho ukwethemba, bangafuni kulalela muntu, futhi babe nomoya wokuvukela.

Ngebhadi, lendlela yokwenza nokuholwa okunjena akwenzeki ngaphandle kuphela. Kuyangikha- thaza ukuzwa ngamalunga eBandla aphatha abanye ngokungalungile— noma ngabe kusemakhaya, obizweni lwabo eBandleni, emsebenzini, noma yikuphi lapho besebenzisana khona nabanye usuku nosuku.

Ngokujwayelekile, kukhona aba- kugxekayo ukuphatha kabi abanye, kodwa abakuboni kubo uqobo. Bafuna kuthotshelwe imithetho yabo abayishaye bebodwa, kodwa uma abanye bengayilandeli lemithetho, bayabasola ngezindlela eziningi, kwesinye isikhathi bafune nokuba bamba ngezandla.

INkosi yathi “uma . . . sisebenzi- sa ukulawula noma ukubusa noma impoqo kubantwana babantu, ngano- ma okungakanani ukungalungi, . . . amazulu ayaziqhelisa; [futhi] uMoya weNkosi uyadabuka.”²

Kungaba khona izikathi lapho silingeka ukuba silwele izenzo zethu ngokukholelwa ukuthi isiphetho sivumele izindlela ezisetshenziswayo, Singaze sicabange ukuthi ukulawula, ukuba namaqhinga amabi, nokuli- maza kuzogcina kukuhle kwabanye. Akukho njalo, ngoba iNkosi iku- cacisile ukuthi “izithelo zikaMoya ziwuthando, ukujabula, ukuthula,

ukubekezela, ububele, umusa, ukho- lo, ubumnene [kanye] nokuzithiba.”³

Indlela Engcono

Ngesikhathi ngazi uBaba wami oseZulwini kangcono, yingesikhathi ngibona kangcono ukuba Ubafundi- sa futhi Ubahola kanjani abantwana Bakhe. Akadinwa, akabuyiseli okubi, noma aphindisele.⁴ Injongo Yakhe— umsebenzi nombuso Wakhe— ukusitshengisa, asiphakamise, futhi asiholele ekuphelelisweni Kwakhe.⁵

UNkulunkulu wazichaza kuMose njengone “sihe kanye nomusa, ophu- za ukuthukuthela, novame ubumne- ne neqiniso.”⁶

Uthando laBaba oseZulwini Analo ngathi, abantwana Bakhe, ludlula ngo- kweqile ukwazi kwethu nokuluqonda.⁷

Ngabe lokhu kuchaza ukuthi uNkulunkulu uyakugqugquzela noma akakunaki ukuziphatha okunga- hambisani nemiyalelo Yakhe? Cha, ngempela cha-bo!

Kepha Ufuna ukushintsha okunga- phezu kokuziphatha kwethu. Ufuna ukushintsha izimilo zethu imbala. Ufuna ukushintsha izinhliziyi zethu.

Ufuna sifinyelele sibambe siqini- sele endukwini yensimbi, sibhekane nokwesaba kwethu, sibe nesibindi siye phambili naphezulu endleleni eminyene engumncingo. Usifunela lokhu ngoba uyasithanda nangoba yile indlela yenjabulo.

Manje, uNkulunkulu ubagqugqu- zela kanjani abantwana Bakhe ukuba bamlandele kulezi zinsuku?

Wathumela Indodana Yakhe!

UNkulunkulu wathumela INdodana Yakhe eZelwe Yodwa, uJesusu Kristu, ukusitshengisa indlela elungileyo.

UNkulunkulu usiqgugquzela ngo- kubonisa, ngokuba nenhliziyi ende, ngobubele, ngobumnene, nangotha- ndo olungazenzisi.⁸ UNkulunkulu Ungakithi. Uyasithanda, futhi uma sikhubeka, ufuna sisukume, sizame futhi, siqine kakhulu.

Uyena osifundisayo.

Uyena ithemba lethu elikhulu futhi eliyigugu.

Ufisa ukusikhulisa ngokholo.

Uyasethemba ukuthi sizofunda emaphutheni ethu futhi sithathe izi- nqumo ezilungileyo.

Yiyo lena indlela engcono!⁹

Kuthiwani ngoBubi baloMhlaba?

Enye indlela uSathane afuna ukuba sisebenzise amaqhinga amabi kwaba- nye ngayo yingokuhlala nasekukhuli- seni ububi emhlabeni.

Nangempela umhlaba wethu wawuhlezi, futhi uzoqhubeka, unga- lungile. Bangingi abantu abamsulwa abahlukumezekayo ngenxa yezimo zemvelo kanye nobubi babantu. Inkohlakalo nobubi ezinsukwini zethu kuhlukile futhi kuyathusa.

Kepha noma kunjalo, ngeke ngi- kuthengise ukuphila kulesi sikhathi naso esinye isikhathi emlandweni womhlaba. Sibusisekile ngendlela engabaleki ukuba sihlale ezinsukwini zokuphumelela okukhulu, ukukha- nya, kanye nobuhle. Kakhulukazi, sibusisekile ukuba nevangeli likaJesusu Kristu eliphelele, elisinikeza ukubona okuhlukile ngezingozi zasemhlabeni futhi lisitshengise indlela yokuzivikela noma sibhekane nazo.

Uma ngicabanga ngalezi zibusiso, ngifuna ukuguqa ngamadolo ngidu- mise uNkulunkulu ngothando Lwa- khe olungapheli labantwana Bakhe.

Angikholwa ukuthi uNkulunkulu ufuna abantwana Bakhe besabe noma behlale ebubini balomhlaba. “Ngoku- ba uNkulunkulu akasiphanga umo- ya wobugwala, kepha owamandla, nowothando, nowokuzikhuza.”¹⁰

Usinikeze izizathu eziningi zoku- thokoza. Thina kumele sizithole futhi sizibone. Inkosi Ijwayele ukhusikhu- mbuza ukuba “singesabi” nokuba “sijabule,”¹¹ futhi ukuba “ungesabi, mhlambi omncane.”¹²

INkosi Izozilwa Izimpi Zethu

Bofowethu nodadewethu, yithi “umhlambi omncane” weNkosi. SingabaNgcwele bezinsuku zokugci- na. Phakathi egameni lethu kukho- na ukuzinikela ekutheni sizobheka phambili ekubuyeni kwaMsindisi sizilungiselele thina kanye nomhlaba

ukumemukela. Ngakho-ke, masi-sebenzele uNkulunkulu sithande abafowethu. Asikwenze lokhu ngokuzethemba kwemvelo, ngokuzotha, singalinge sibukele phansi enye inkolo noma iqembu labantu. Bafowethu nodadewethu, sinxuswe ngokufunda izwi leNkosi futhi silalele izwi likaMoya, ukuze “sazi izimpawu zezikhathi, nezimpawu zokuza kweNdodana yoMuntu.”¹³

Ngakho-ke, hhayi ngoba singazazi izinselelo zalo mhlaba, futhi hhayi ngoba singazi ngobunzima bezikhathi zethu. Kepha lokhu akuchazi ukuthi kumele sizithwese umthwalo noma abanye ngokwesaba okungapheli. Kunokuba sihlale ebunzimeni kwezinsalelo zethu, ngeke yini kube ngcono ukubheka ubukhulu obungenasiphelo, ukulunga, namandla aphelele kaNkulunkulu, simethemba futhi silungiselele ngezinhliziyi ezithokozi-le ukubuya kukaJesu Kristu?

Njengabantu Bakhe bezivumelwano, kumele singakhutshazwa ukwesaba ngenxa yokuthi izinto ezimbi zingenzeka. Okungcono, singaya phambili ngokholo, isibindi, ukuzimisela, kanye nokumethemba uNkulunkulu ngesikhathi sibhekana nezinsalelo namathuba ezayo.¹⁴

Asiyihambi indlela yobufundi Bakhe sisodwa. “INkosi uNkulunkulu wakho . . . ohamba nawe; akayikuyeka, akushiye.”¹⁵

“INkosi izakunilwela, nothula nina.”¹⁶

Ebusweni bokwesaba, masithole isibindi, siqinise ukholo, futhi sethembe ukuba “asikho isikhali esenzelwe wena esiyakuphumelela.”¹⁷

Kungabe sihlala esikhathini sokwesaba nezingozi? Nangempela kunjalo.

UNkulunkulu imbala wathi, “Ezweni niyakuhlambabazana nokuhlupheka, kepha yibani nentokozo, mina ngilinqobile izwe.”¹⁸

Singathshengisa ukholo futhi siphile ngokufanele? Singaphilela iminikelo yethu nezivumelwano ezingcwele? Singayigcina imiyalelo kaNkulunkulu ngisho nasezimweni ezinzima? Yebo singakwazi!

Singakwazi ngoba uNkulunkulu uthembise ukuba “Zonke izinto ziyosebenzelana kube ngokuhle kini, uma [ni]hamba ngobuqotho.”¹⁹ Ngakho-ke, masibeke eceleni ukwesaba kwethu siphile okungcono ngenjabulo, ngethemba kanye nokwethemba ngokweqiniso ukuba iNkosi Inathi.

Uthando Olupheleleyo Luxosha Ukwesaba

Bangani bami abathandekayo, bafowethu nodadewethu abathandekayo kuKristu, uma sike sazithola siphila ngokwesaba noma ngovalo, noma sike sathola ukuba amazwi, imicabango, noma izenzo sethu zidala ukwesaba kwabanye, ngiyathandaza ngawo wonke amandla omphefumulo wami ukuba singakhululwa kulokhu kwesaba yisibiba esingcwele sakho ukwesaba: uthando lukaKristu olum-sulwa, ngoba “uthando olupheleleyo luxosha ukwesaba.”²⁰

Uthando lukaKristu olulungileyo lunqoba isilingo sokulimaza, sokuhlupha, sokuphatha kabi noma sokucindezela.

Uthando lukaKristu olulungileyo lisededela ukuba sihambe ngokuzotha, ngesithunzi, kanye nokwezethemba njengabalandeli boMsindisi. Uthando lukaKristu olulungileyo lusinikeza ukuzethemba okusisiza sidlule ekwesabeni kwethu futhi sibeke ithemba eliphelele emandleni nasekulungeni kwaBaba oseZulwini nakwiNdodana Yakhe, uJesu Kristu.

Emakhaya ethu, ezindaweni zethu zamabhezini, obizweni leBandla, ezinhliziyweni zethu, masisuse ukwesaba sifake uthando lukaKristu olupheleleyo. Uthando lukaKristu luzofaka ukholo endaweni yokwesaba!

Uthando Lwakhe luyosisiza sibone, sithembe, futhi sikholelwe ekulungeni kukaBaba oseZulwini, kwisu Lakhe elingcwele, evangelini Lakhe, nasemiyalelweni Yakhe.²¹ Ukuthanda uNkulunkulu nabafowethu kuzoshintsha ukuthobela kwethu imiyalelo kaNkulunkulu kube yisibusiso kunokuba

kube umthwalo. Uthando lukaKristu luyosisiza sibe nomusa ngokwengeziwe, sixole ngokwengeziwe, sinakeke ngokwengeziwe futhi sizinikele kakhulu emsebenzini Wakhe.

Ngenkathi sigcwalisa izinhliziyi zethu ngothando lukaKristu, sizovuka nokukholwa okusha futhi sizohamba ngenjabulo, ngokuzethemba, sivukile, futhi siphila ekukhanyeni nasembusweni kukaMsindisi wethu othandekayo, uJesu Kristu.

Ngiyafakaza, nomphostoli uJohane, “Akukho ukwesaba othandweni luka[Kristu].”²² Bafowethu nodadewethu, bangani abathandekayo, uNkulunkulu uyanazi kakhulu. Unithanda ngokuphelele. Uyazi ukuthi ikusasa lenu liniphatheleni. Ufuna “ningesabi, nikholwe qha”²³ futhi “nihlale othandweni lwakhe olukhulu.”²⁴ Lowo ngumthandazo wami nesibusiso sami egameni likaJesu Kristu, amen.

IMITHOMBO OKUTHATHWE KUYO LEMFUNDISO

1. UGeorge Whitefield noJonathan Edwards yizibonelo ezaziwayo zabefundisi abayilolu hlobo.
2. Imfundiso neziVumelwano 121:37.
3. KwabaseGalathiya 5:22–23.
4. Ngesinye isikhathi, uMsindisi wafuna ukungena endaweni yamaSamariya, kepha abantu bamnqaba uJesu bangamemukela ezindaweni zabo. Ababili kubafundi Bakhe baphoxeka yilokhu babuza “Nkosi, uyathanda ukuba sibize umfelo wehle ezulwini, ubaqeda na?” UJesu waphendula ngalesi sexwayiso: “Anazi ukuthi ningabomoya muni. Ngokuba iNdodana yoMuntu ayizanga ukubhubhisa imiphfumulo yabantu kodwa ukuyisindisa” (bona uLuka 9:51–56, New King James Version [1982]).
5. Bona uMose 1:39; bona futhi abase-Efesu 3:19.
6. Eksodusi 34:6.
7. Bona abase-Efesu 3:19.
8. Bona Imfundiso neZivumelwano 121:41. Nangempela uma uNkulunkulu elindele thina, bantwana Bakhe basemhlabeni, ukuba siziphathe kanje ebudlelwani bethu, Yena—engumuntu opehelele du emsulwa ngayo yonke indlela—angaba yisibonelo sokuziphatha ngalendlela.
9. Umhlangano owandulela okwasemhlabeni uyisibonelo esihle esithshengisa ubum-sulwa bukaNkulunkulu. Lapho uBaba wethu oseZulwini watshengisa isu Lakhe lokuthuthuka kwethu ingunaphakade. Izinto ezazibalulekile kulelisu kwakuyilungelo lokukhetha, ukuthobela, nensindiso ngeNhlawulo kaJesu Kristu. Kepha, uLusifa, wabeka isu elihlukile. Waqinisekisa ukuba sonke sasizolalela—akekho owayezolalele. Kuphela indlela okwakungenzeka ngayo kwakungukusenzisa nangokusiphoka. Kepha uBaba wethu oseZulwini

osithandayo wayengeke alivumele isu elinje. Wayelithanda ilungelo lokuzikhethela labantwana Bakhe. Wayazi ukuthi kumele senze amaphutha endleleni uma sizofunda okwangempela. Yingakho-ke Asinikeza uMsindisi, loyo umnikelo wakhe onguna-phakade owawuzosihlanza ezonweni futhi uvumele ukubuyela kwethu embusweni kaNkulunkulu.

Ngenkathi uBaba oseZulwini ebona ukuthi abantwana Bakhe abaningi babe-hehwa nguLusifa, wabaphoqa na ukuba balandelele isu Lakhe? Wabasabisa noma wabasongela labo ababethatha isinqumo esibi? Cha. UNkulunkulu wethu onamandla wonke nangempela wayengakwazi ukuyekisa lokhu kulwa. Wayengaphoqa


- intando yakhe kwabahambayo abenze bala-lele. Kepha, wadedela abantwana Bakhe bazikhethela.
10. 2 Thimothewu 1:7.
 11. Bona, njengesibonelo, Joshuwa 1:9; Isaya 41:13; Luka 12:32; Johane 16:33; 1 Petru 3:14; IMfundiso neziVumelwano 6:36; 50:41; 61:36; 78:18.
 12. Luka 12:32.
 13. IMfundiso neziVumelwano 68:11.
 14. Isexwayiso sikaMose kubantu bezinsuku zakhe sisasebenza: “Ningesabi. . . Nibone ukusindisa kukajehova azakunenzela khona namuhla” (Eksodusi 14:13, New King James Version).
 15. Duteronomi 31:6.
 16. Eksodusi 14:14, New King James Version.

17. Isaya 54:17.
18. Johane 16:33.
19. IMfundiso neziVumelwano 90:24; bona futhi 2 abaseKorinte 2:14; IMfundiso neziVumelwano 105:14.
20. 1 Johane 4:18.
21. Masikhumbule ukuba uMsindisi akezanga “ukwehlulela izwe; kodwa ukuba izwe lisen-diswe ngaye” (Johane 3:17). Kahle-kahle, “akenzi lutho olunye ngaphandle kokuthi kuyinzuzo emhlabeni; ngokuba uyawuthanda umhlaba, ngisho kangangoba ubeka phansi impilo yayo uqobo ukuze idonsele wonke umuntu kuyo” (2 Nefi 26:24).
22. 1 Johane 4:18; bona futhi 1 Johane 4:16.
23. Marku 5:36.
24. Johane 15:10.

Izimfundiso Zesikhathi Sethu

Kusukela ngoMeyi 2017 kuya ku-Okthoba 2017, izifundo zobuPhristi buka-Melkhesedeki nezeNhlango YokuSiza YabesiFazane zangeSonto lesine kufanele zithathwe kwinkulumo eyodwa noma ngaphezulu zomhlangano omkhulu weBandla ka-Ephreli 2017. Ngo-Okthoba 2017, izinkulumo zingakhethwa kwezomhlangano omkhulu weBandla ka-Ephreli noma oka-Okthoba. Omangameli bezikhonkwane nabezifunda kufanele bakhethe ukuthi yiziphi izinkulumo ezizo setshenziswa ezindaweni zabo, noma benganikeza ukuba lesi sinqumo sithathwe ngaba bhishobhi noma omangameli bamagatsha.

Lezi zinkulumo zitholakala ngezilimi ezahlukahlukene conference.lds.org.



NguMongameli uThomas S. Monson

Amandla eNcwadi kaMormoni

Nginyaxusa sonke ukuba sifunde futhi sizindle INcwadi kaMormoni ngomoya wokukhuleka zonke izinsuku.

Bafowethu nodadewethu, ngiyabingelele ngenkulu imfudumalo njengoba sihlangele futhi emhlanganweni omkhulu weBandla likaJesu Kristu labaNgcwele beziNsuku zokuGcina. Ngaphambi kokuba ngethule umyalezo wami namhlanje, ngithanda ukwazisa ngamathempeleli amasha ayisihlanu azokwakhiwa kulezi zindawo ezilandelayo: Brasília, Brazil; greater Manila, Philippines, area; Nairobi, Kenya; Pocatello, Idaho, USA; futhi naseSaratoga Springs, Utah, USA.

Ekuseni namuhla ngikhuluma ngamandla eNcwadi kaMormoni nesidingo esiphuthumayo esinaso njengamalunga aleliBandla ukuba sifunde, sizindle, futhi siphile ngezimfundiso zayo ezimpilweni zethu.

Ukubaluleka kokuba nobufakazi obuqinileyo futhi obuyisqiniseko ngeke kushiwo kaningi ngokufanele.

Siphila esikhathini sezinkinga nokukhohlakala okuningi. Yini ezosivikela ezonweni nasebubini obugcwele umhlaba namuhla? Ngisamile ekutheni ubufakazi obuqinileyo ngoMsindisi wethu, uJesu Kristu, nangevangeli Lakhe buzosiza siye ekuphepheni. Uma unga-yifundi iNcwadi kaMormoni zonke izinsuku, ngicela uyifunde. Uma uzoyifunda ngomoya womkhuleko futhi nangenhloso okuyiyo yokwazi iqiniso, uMoya oNgcwele uyolibonakalisa iqiniso layo kuwe. Uma iyiqiniso—futhi ngiyafakazi ukuthi *yilo*—kusho ukuthi uJoseph Smith

wayengumphrofethi owabona uBaba uNkulunkulu neNdodana Yakhe, uJesu Kristu.

Ngoba iNcwadi kaMormoni iyiqiniso, IBandla likaJesu Kristu labaNgcwele beziNsuku zokuGcina yiBandla leNkosi lapha emhlabeni, futhi nobuphristi obungcwele bukaNkulunkulu sebubuyisiwe ukuze abantwana Bakhe bazuze futhi babusiseke.

Uma ungenabo ubufakazi obuqinile ngalezi zinto, enza konke okudingakalayo ukuba ubuthole. Kubalulekile ukuba ube nobufakazi bakho kulezi zikhathi ezinzima, ngoba ubufakazi babanye buzokufikisa endaweni thize. Kepha, uma usubutholile, ubufakazi kumele bugcinwe bubalulekile futhi buphila ngokuqhubeka uthobele imiyalelo kaNkulunkulu futhi nangokukhuleka nokufunda imibhalo engcwele zinsuku zonke.

Balingani bami abathandekayo emsebenzini weNkosi, nginyaxusa sonke ukuba sifunde futhi sizindle iNcwadi kaMormoni ngomoya wokukhuleka zonke izinsuku. Nxa senza njalo, sizoba sesimweni sokuzwa izwi likaMoya, lokulwa izilingo, lokunqoba ukungabaza nokwesaba, futhi nokuthola usizo lwasezulwini ezimpilweni zethu. Ngiyafakaza ngalokhu egameni leNkosi uJesu Kristu, amen.